agriculture
& rural development
Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: o33-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI, UMHLONISHWA UTHEMBA MTHEMBU, AZOYIBEKA EMCIMBINI WOKWETHULWA KWEPROJEKTHI YOKWAKHIWA KWESAKHIWO SOKUGUNDA IZIMVU NEPROJEKTHI YEZINGULUBE EMZIMKHULU

ULWESITHATHU, 20 JULAYI 2016

INDAWO: GLENGARY HALL, WARD 10, UMZIMKHULU

Mphathi woHlelo

IMeya yesiFunda iHarry Gwala, uKhansela M.E. Ndobe

IMeya yaseMzimkhulu, UKhansela M.B. Mpabanga

Amakhansela

Inkosi P.H.D Chiliza, onguSihlalo weNdlu yabaHoli beNdabuko esiFundazweni

Inkosi Sethuse nawo onke Amakhosi angaphansi kwesiFunda iHarry Gwala

Amalungu enhlangano yabagundi bezimvu

Ithimba leprojekthi yezingulube i-Bonrand

Abalimi bonke abakhona lapha

Abaholi boMphakathi

Bafowethu noDadewethu

UHulumeni oholwa uKhongolose usemkhankasweni omkhulu wokwenza izinguquko ezinqala, lezi zinguquko zibandakanya ukuletha ushintsho kwezomnotho nokuphucula amazinga empilo kubantu bakithi ukuze sithokozele inkululeko nentando yabantu.

Namuhla-ke sekuya ngamagama enkehli lapha eMzimkhulu njengoba sizokwethula umsebenzi wezakhiwo ezine zokugunda izimvu okudle imali engu-R4.8 million kuhlanganisa nomsebenzi wokufuywa kwezingulube wona odle imali engu-R1.345 million.

Lokhu kulandela neminye imisebenzi eseyenziwe lapha nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya futhi eminye eqhubekayo. Ngo-2015 kuya ku-2016 kutshalwe imali engango-R33 million ekulinyweni kweSoya nobhontshisi owomileyo.

Bafowethu noDadewethu siyaqhubeka nokuzibophezela kwethu ekuthuthukiseni le ndawo. Kulo nyaka wezimali oyoze uphele phakathi kuka-2017 kuzotshalwa imali engu-R17 million emisebenzini eyehlukene yezolimo. Sibheke kakhulu ukuhlomulisa imiphakathi nalabo abatshala izingadi emakhaya ukuze sisimamise abampofu siphinde siqinisekise ukuba khona kokudla.

SiwuHulumeni asinayo indlela yokubalekela umsebenzi wethu wokukhulisa umnotho futhi siqinisekise ukuthi siyinqoba ngokuphelele indlala nobuphofu. Lokhu kusho ukuthi kufanele sisungule amathuba emisebenzi aphusile futhi siphishekele ukwakha izindlela zokuziphilisa ezingenakushabalala. UHulumeni uyakuqonda ukuthi ukuze uphumelele kulokhu kuyadingeka ukuba kufakelwe izibuko ukuthuthukiswa kwengqalasizinda ezindaweni zasemakhaya. Isakhiwo sokugunda izimvu nokuthuthukisa umsebenzi wokufuywa kwezingulube kuyingxenye yokuzibophezela koMnyango ukuthuthukisa ingqalasizinda lapha eMzimkhulu.

NgoMsombuluko bekuwusuku olukhulu lapho besibungaza usuku lokuzalwa kwesithwalandwe uTata Madiba owahlale esikhumbuza ukuthi yini okufanele siyenze ukuze sibe yizakhamizi ezinhle. UTata wathi ngiyamcaphuna: "Uma abantu bakithi besahlala ezimweni ezinyathisayo zenhlupheko, uma izingane zisahlala emijondolo, uma futhi abantu bakithi bengakabi nayo imisebenzi, akekho umuntu waseNingizimu Afrika okufanele ahlale aqhiyame ajabulele inkululeko."

Bafowethui nodadewethu, singuHulumeni asihleli nje dekle, yingakho silapha futhi ngikunginika enkulu intokozo ukwethula umsebenzi wokwakhiwa kwalezi zakhiwo ezine zokugunda izimvu ngaphansi kwenhlangano yabagundi bezimvu lapha eMzimkhulu. Lezi zakhiwo zizoba kulamawadi. Uwadi 1, uwadi 7, wadi 8 no wadi 10.

Amalungu oMzimkhulu Wool Growers Association kumele athole okukhulu ukunconywa bakwethu ngoba kungenxa yokusebenza kwabo kanzima nempumelelo yabo njengabafuyi bezimvu njengoba silapha ukuzokwethula lo msebenzi obaluleke kangaka. UMnyango unobudlelwano osebunesikhathi eside bukhona nabale nhlangano. Ngo-2012 uMnyango wakhipha izimvu zohlobo lwe-merino ezingu-223 uzikhiphela le nhlangano. Lokhu kwaholela ekusungulweni kwezinhlangano zabagundi bezimvu ezingu-12 futhi isibalo sezimvu sakhula kakhulu saze safinyelela ku-17 000.

Kusuka ngo-2013 kuya ku-2015 abagundi bezimvu badayise uboya obungakhilogremu angu-40 000 bokwenza iwuli. Ngenxa yokuthi bebesebenzisa izakhiwo ezimbili nje vo ukwenza lo msebenzi kuye kwacaca ukuthi seziyehluleka ukumelana nokwanda komsebenzi. Abafuyi bagcine sebehluleka ukuthumela ngesikhathi izimvu ukuthi zigundwe futhi lokhu kubakhinyabezile njengoba bebedlulwa yisikhathi esihle sokwenza ibhizinisi. Ukwenezelwa ngalezi zakhiwo ezine kuzosho ukuthi sezingu-8 sezizonhle izindawo zokugunda izimvu ngaphansi kwesiFunda uMzimkhulu Wool Farming. Lezi zakhiwo ezakhiwayo zenani lika-

R4.8 million kuzohlomula ngazo izinhlangano zabafuyi bezimvu okuyiThaba Moerena, Glengary, Mfulamhle ne-KwaSenti. Lo msebenzi uzohlomulisa abantu ababambe iqhaza kulezi zinhlangano abangu-81 kanti futhi kuzovuleka amathuba emisebenzi etoho nesikhathi esigcwele angu-104.

Bafowethu noDadewethu, ngicela sinikeze abafuyi bezimvu elikhulu ihlombe ngokuzimisela okubabazekayo asebekukhombisile.

Njengoba sethula lo msebenzi namuhla, nginifisela inqubekela pham,bili emsebenzini wenu futhi kwangathui izakhiwo ezethuliwe namuhla zingaba wusizo olukhulu emsebenzini wenu.

Angithathe leli thuba ngibonge kakhulu kwabakwa-National Wool Growers Association ngokusebenzisana nathi siwuMnyango nabafuyi bebeseka futhi ngaleyo ndlela kukhula umkhakha wewuli KwaZulu-Natali. Muva nje ngike ngaba nomhlangano nezinhlangano zemikhiqizo lapho ngizikhumbuze khona izisombululo ezathathwa engqungqutheleni eyayiseMangaung ngo-2012 ezazithi uHulumeni awunakulithwala wodwa ijoka lokuletha uguquko kwezomnotho. Kwasombululwa ukuthi lolu guquko luyodinga ukuba kube khona ukubambisana kwezinhlaka ezehlukeneyo eNingizimu Afrika eziyosebenza ngokubambisana ukulwa nobuphofu, ukulethwa kwamathuba emisebenzi nokuba kuvalwe igebe lokungalingani.

Ngenxa yezisombululo ezaqhamuka kule nkomfa, uHulumeni wazibophezela ukuba uqinise amaxhama obambiswano nezinhlangano zomphakathi, izinhlangano ezizimele ezisebenza nomphakathi, izinyunyana, abomkhakha wezamabhizinisi, intsha nabesifazane kanti ngasohlangothini lwezolimo kuyobanjiswana nezinhlangano zemikhiqizo nalabo asebelima ngendlela ehlelekile.

Njengoba bese ngike ngasho, uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali wakhe ubudlelwano nabe-National Wool Growers Association. UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, njengoba sengike ngasho, wakhe ubudlelwano nanhlangano kazwelonke yabakhiqizi bewuli i-National Wool Growers Association. Esinye sezivumelwano esiqhamuka kulobu budlelwano sithi kuzoqeqeshwa abasebenzi bethu ukuze babe ngochwepheshe ezintweni ezingi eziphathelene nokufuywa kwezimvbu ukuze uma sebegogodile babuye bazolekelela labo balimi abasanda kungena kulo mkhakha.

Ngaphezu kwalokho ngo-Okthoba le nhlangano izoqeqesha ochwepheshe abaqhamuka eMnyangweni abazobhekela ukunakekelwa kwemfuyo abangu-62 abazogxila kulokho okubizwa ngokuthi yi-predation management. Lolu qeqesho lumayelana nokucubungula izindlela zokuvimbela ukuba imfuyo igcine isihlaselana yodwa ikakhulukazi uma kunenkinga yesomiso amanzi engekho. Labo chwepheshe bayobe sebehamba-ke beyokweluleka abafuyi mayelana nezindlela zokulawula imfuyo yabo.

UHulumeni waKwaZulu-Natali unesu lokuphucula ukufuywa kwemfuyo esifundazweni. Ingqikithi yesu loMnyango wukuba kwandiswe ulwazi lwabafuyi basemphakathini mayelana nokuzalana kwemfuyo kuhlanganisa nokuthuthukisa isimo sayo sempilo nokunciphisa izifo. Injongo wukuba iKwaZulu-Natali izimele

emikhiqizweni yemfuyo futhi ikwazi ngisho nokuthumela imikhiqizo ngaphandle kwemingcele yezwe.

Yingakho ngithokozile namuhla ukuba ngethule futhi umsebenzi wokufuywa kwezingulube, i-Bontrand Piggery Project lapha eMzimkhulu. UMnyango uhlinzeke lo msebenzi ngemali engu-R1.3 million. Lona ngumsebenzi owenziwa ngumndeni onhloso yawo wukuthuthukisa umkhiqizo wezingulube ukuze kusungulwe amathuba emisebenzi emphakathi wase-Bontrand futhi kwenziwe inzuzo ngokudayiswa kwazo. Lo mfelandawonye usuvele uyazidayisa izingulube emphakathi wakhona lapha futhi ezinye zidayiswa emadeleni aseMatatiela naseMargate. Kuyadabukisa ukuthi lo msebenzi uke wathikamezeka ngesikhathi kushona umlimi obesemnkatshubomvu uMnuz Upington Mbanjwa. Sibuhlungu ngokulahlekelwa nguye nekhono lakhe. Yingakho ingxenye enkulu yomsebenzi wezolimo ibandakanya ukuqeqesha amakhono nokufundisa ngokuphathwa kwamapulazi. Njengoba sengike ngasho lokhu kuwuhlelo olukhulu lukaHulumeni wesiFundazwe ukuthuthukisa ezolimo ukuze zibe yivulandlela ekuthuthukeni komnotho wasezindaweni zasemakhaya. Injongo wukuba abantu baseMzimkhulu bachume futhi baziphilise baye phambili njengoba kwenzeka kubantu abahlala esilungwini.

Sonke kumele sijabulele ukuphila eNingizimu Afrika ekhululekile, futhi lokhu kwakuyiphupho likaTata Madiba ngakho uHulumeni oholwa uKhongolose uzimisele ukuqinisekisa ukuthi lokhu kwenzeka kubo bonke abantu bakithi. Sesinayo inkululeko yezomnotho, manje sekusele sisebenzele inkululeko yezomnotho nempilo engcono kubo bonke abantu bakithi.

Ngiyabonga